**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abafundi bayacelwa ukuba bafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo.

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isifundo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (60) |
| ISIQEPHU D: | Literature | (20) |

3. Mabaphendule yonke imibuzo ekuleli phepha.

4. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA (COMPREHENSION)

### UMBUZO 1

1.1 Funda le ndatshana engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela:

**IMVUBU EKHAYA LAMI**

UJessica imvubu ethanda ikhofi elinoshukela. Kunezinja ezingu-9 zohlobo lwama-bullterrier ezingabangani bayo, kanti uma elala embhedeni osesitubhini umbatha ubhulankethi o-pink.

UJessica eseyiwundlu watholakala osebeni lwe-Selati River eHoedspruit emva kwezikhukhula zango-2000. Wasindiswa wanakekelwa nguTonie Joubert osebenza esiqiwini sezinyamazane ohlala eduze kwalo mfula. Uthi ekuqaleni wayecabanga ukuthi uJessica yingulube ngoba waye-pink enomlomo onwebekile. Wamthola inkaba yakhe isenomzanyana kanti isisindo sakhe sasingu-16 kg.

Namuhla isisindo sikaJessica singu-900 kg kanti ngosuku udla ukudla okungu- 90 kg. Ukhonze ukudla kwezinja namakinati. Uwukhonzile noletisi, ubhatata nommbila kanti uphuza ikhofi kabili ngosuku.

Udlala emfuleni nezingane nezinja. Uma uJessica elambile akanqeni ukuvula isicabha ngomlomo angene endlini. Emva kwalokho uya ekhishini afune ukudla kuShirley unkosikazi ka Tonie.

UJessica ubezwa kahle abakwa Joubert. Bakhuluma naye isiBhunu kanti uma uShirley ethi "bek, bek" (okusho umlomo) uJessica uvula umlomo wakhe adle.

Izinja zakwaJoubert ezingu-9 zizidlalela noJessica. Uma kudingeka ukuba abakwa Joubert bahambe ekhaya, bafuna umuntu ozomgada. Uma bebuya, uJessica uyafa yinjabulo kanti uvame ukuma ngaphandle efasiteleni legumbi labo lokulala ekuseni amemeze efuna ukuba bavuke. Abasamlalisi endlini ngoba ugibela emibhedeni ayiphule.

**IMIBUZO:**

1.1.1 Igama lika-Jessica ingabe liveza buphi ubulili (gender). (1)

1.1.2 Yiliphi igama elinomqondo ofanayo naleli “isicabha” elisendabeni. (1)

1.1.3 Khetha incazelo efanele lapha:

Ingabe umbala opinki uchazani kulokhu:
(a) Okumnyama kakhulu
(b) Okukhanya kakhulu (1)

1.1.4 Khetha impendulo okuyiyona kwezilandelayo:

UJessica watholakala osebeni lwe-Selati River:
(a) Esemdala
(b) Eseyiwundlu
(c) Ephila (1)
(d) Efile

1.1.5 Kubangelwa yini ukuba uJessica angabe esalaliswa endlini? (1)

1.1.6 Nika incazelo yalesi sisho esilandelayo:
UJessica uyafa yinjabulo. (1)

1.1.7 Humusha lo musho olandelayo:
Maak die bek oop. (2)

1.1.8 Ingabe kuliqiniso (fact) noma umbono (opinion) ukuthi ungathatha noma yisiphi isilwane sasendle usifuye? Sekela impendulo yakho. (2)
**[10]**

1.2 Fundisisa le nkulumo mpendulwano ekule mifanekiso bese uphendula imibuzo ezolandela:






**IMIBUZO:**

| | | |
|---|---|---|
| 1.2.1 | Ngubani olele futhi ulaliswe yini? | (2) |
| 1.2.2 | Humusha (interprete) amagama alandelayo ngesiZulu: | |
| | (a) Nurse | (1) |
| | (b) Pyjamas | (1) |
| 1.2.3 | Ingabe igama 'umqemane' lichazani? | (1) |
| 1.2.4 | Abangani bakhe bacabanga ukuthi bangamsiza kanjani uZuzu? | (2) |
| 1.2.5 | Nikeza indikimba (theme) yalo mdlalo. | (1) |
| 1.2.6 | Ingabe umbono (opinion) noma iqiniso (fact) ukuthi isobho lezitshalo lilungele wonke umuntu? Sekela impendulo yakho. | (2) |

**[10]**

1.3 Funda le ndatshana engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UPhuzekhemisi uzothi fahla ngesigqi seKwaito**

Kwamangala abaningi ngesikhathi 'Ihhashi Elimhlophe' licula ngokuhlanganyela neqembu lo mculo weKwaito, iBoom Shaka, engomeni ethi *Bambanani*. Manje noPhuzekhemisi uselandele ezinyathelweni zalo.

Lesi silomo sikamasikandi esidabuka eMkhomazi, eNingizimu yogu laKwaZulu Natali, simatasatasa e-studio siqopha i-albhamu nomculi weKwaito waseMlazi uMlungisi 'Waya' Mbele. Laba baculi baqopha iculo elithi *Ubuhle Bakho.* Lizotholakala kwi-albhamu kaWaya esihloko sithi: Isithakathi. Leli culo elibhalwe nguWaya lididiyelwa yindodana kaDan 'Gandaganda' Nkosi, uDust.

Ebuzwa ngalokhu uPhuzekhemisi uthe ukuthokozele kakhulu ukusebenza nabaculi abasebasha ngoba banobuhlakani. Uqhubeke wathi kunenye ingoma ayenza noTizozo ezophuma ngoSepthemba, futhi usezodidiyela kakhulu umculo wekwaito othandwa kakhulu yintsha kulezi zinsuku. UPhuzekhemisi akaqali ukucula ngokuhlanganyela nabanye abaculi. Uke wacula neNkunzi emdaka, uThembi Mkhwebane kanye neLadysmith Black Mambazo. Wazakhela udumo ngamaculo akhe ayegxeka uhulumeni namakhosi.

Lo mculi usehlabene kaningi ngezindondo kuma-SAMA. Wake waphazamiseka emculweni ngesikhathi kushona umfowabo uKhethani engozini yemoto, kodwa wabuye wavuka wazithatha. Ngaphandle kokuba umculi kamasikande uPhuzekhemisi ungumuntu osabambelele emasikweni omdabu. Uma esahlabe ikhefu kwezomculo akakhohlwa ukuyobona izingane ekhaya. Eqinisweni ungumuntu okwaziyo ukusebenza ngokubambisana nabanye abaculi. Yena nabanye abaculi bake bakha i-albhamu eyaduma ngelesi Xaxa-Mbishi.

**IMIBUZO:**

1.3.1 Nika amaqembu amabili uPhuzekhemisi ake wacula nawo. (2)

1.3.2 Tomula umusho okhomba ukuthi uPhuzekhemisi ungumuntu othanda umndeni wakhe. (2)

1.3.3 Kungani uPhuzekhemisi esecula umculo weKwaito? (1)

1.3.4 Kwenziwa yini igama elithi 'Ihhashi elimhlophe' lifakwe kubakaki (brackets)? (1)

1.3.5 Bhala ngokugcwele lesi sifinyezo (abbreviation) SAMA. (2)

1.3.6 Ngabe kwakuyisenzo esifanele yini ukuthi uPhuzekhemisi athole udumo ngezingoma ezazigxeka (criticise) uhulumeni namakhosi? (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA (SUMMARY)

### UMBUZO 2

Fundisisa le ndatshana ngokucophelela (carefully), bese uyayifingqa (summarise) ngamagama akho (own words) angama-40 – 50.

**KWENZIWA YINI AMANTOMBAZANA ABE NODLAME**

Amantombazana yiwo kanye anodlame ukwedlula abafana, futhi sengathi ayakuthokozela ukuhlukumeza abantu. Ucwaningo (research) olwenziwe eNingizimu Afrika luyakufakazela lokhu. Amantombazana ayathanda ukuhlukumezana wona ngokwawo ngokomqondo. Lokhu bakwenza ngisho nasebanganini babo ababathandayo. Lokhu kuhlukunyezwa ngokomqondo kuwukukhohlakala okwedlula ukukhahlelwa kanye nokushaywa ngempama.

Ukuhlukumeza okwenziwa ngamantombazana kuvamise ukuba wukuhlebana, ukuhlekana kanye nokubukelana phansi. Omunye ahambise izimfihlo zomunye azisabalalise kwabanye ukuze yena athole udumo kubafana ababukeka bebahle. Kuloku okubaliwe, ukuhlebana yikona okubi kakhulu ngoba bubulala ngisho ubungani osebuneminyaka eminingi bukhona! Lokhu kwenziwa wukuthi omunye ahambise izimfihlo zomunye azisabalalise (spread) izwe lonke ukuze athole udumo ngisho nakubafana ababukekayo. Lesi senzo sokuhlebana yisona kanye esenza ukuthi abantu besilisa babukele phansi abantu besifazane.

Amantombazane ayathanda ukusebenzisa ama-SMS ethumelana imilayezo enolimi oluhlukumezayo kanti ngakolunye uhlangothi abafana bona bayathanda ukuveza imizimba yabo ukuthi yakheke kanjani futhi inezicubu kangakanani. Okubuye kwethuse kakhulu emantombazaneni wubungani. Amanye amantombazane akhetha ukungaphuthi esikoleni yize egula ngoba esaba ukuthi azolahlekelwa ngabangani bawo. Kokunye angabona esekhishwe inyumbazane ngenkathi engekho esikoleni.

Okunye ukuhlukumezana phakathi kwamantombazana kudalwa yimfashini esanda kungena. Indaba iqala lapho kubolekiswana, omunye esenqaba ukwenza lo mkhuba ngoba enqena ukuthi ingubo yakhe izosheshe ukuguga. Usezosuka lona onqatshelwe ukubolekwa ebesekhuluma noma ehleba ngalo mngani wakhe esho nokusho ukuthi ingubo yomngani wakhe ishibhile futhi yimbi: Usekhohliwe ukuthi ubeyithanda yikho nje ebeyiboleka.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI (LANGUAGE USAGE)

### UMBUZO 3

3.1 Funda isiqeshana esilandelayo bese ugcwalisa ezikhaleni ngamagama afanele. Khetha izimpendulo emagameni owanikeziwe ngezansi.

| |
|---|
| amaphoyisa, isitifiketi, kumshuwalense, ezimathonsi, kumasingcwabisane, sofuba, kakhulu, yawo, igama, imali |

Umndeni wakwaMkhize eThekwini ukhala 3.1.1 … ngendodana 3.1.2 … okuthiwa yashona. UMudely uthi wabulawa yisifo 3.1.3 … . Izigebengu zathola 3.1.4 … sokushona kwayo. Zasebenzisa 3.1.5 … lakhe ukukhipha imali 3.1.6 … 3.1.7 … athola ukuthi ngowesifazane othile owaya 3.1.8 … owawukhokhelwa yilo mndeni wakwaMkhize ukuze athole 3.1.9 … . Sekutholakele ukuthi lo muntu akafile kodwa usaphila. Kumanje nje amaphoyisa aphenya icala lokukhwabanisa. Unina ujabule 3.1.10 … ukuzwa ukuthi ingane yakhe isaphila. **[10]**

3.2 Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UBUSO NOBUSO**

I-Kliniki yaphesheya kwezilwandle isizoqala ukwenza ucwaningo ezigulini ezifuna ukuthi zishintshe ubuso bazo. Lokhu kuzoba yingqayizivele yomlando emhlabeni jikelele.

UMqondisi wekliniki yepulastiki sejari udokotela Maria uthi useyitholile imvume ebhodini yezempilo ukuze enze lo msebenzi wokushintsha ubuso bomuntu.

Uthe cishe kuzothatha iminyaka emibili ukuze bathole leso siguli kufanele kube yileso esalimala ubuso ngokushiswa umlilo noma ngenxa yokugula okuthile.

Okungase kubambezele lolu cwaningo ukuthi kungaba nenkinga ngoba ubuso buyingxenye yokuthi umuntu ungubani.

Bhala kabusha le misho elandelayo uqale ngegama elidwetshelwe.

3.2.1 Ikliniki yaphesheya izocwaninga iziguli ezifuna ukushintsha ubuso. (2)

3.2.2 Ibhodi yezempilo inike ikliniki imvume yokwenza ipulastiki sejari. (2)


3.2.3 Nika umehluko okhona kula magama adwetshelwe:

(a) Iziguli ezifuna ukushintsha ubuso sezizosizakala kodwa kuzothatha iminyaka emibili ukuthola isiguli abazosenza lolu shintsho. (4)

(b) Ingabe isakhi esidwetshelwe sinika muphi umqondo kulo musho:- UDokotela uMaria useyitholile imvume kwibhodi yezeMpilo (1)

**[9]**

3.3 Bukisisa isithombe bese uphendula imibuzo elandelayo.



# Ubuzali yinto yabazali bobabili...

**Okufunwa omama kobaba**

Uma umama efika ekhaya nengane esanda kubelethwa, udinga ubaba ukuba amnike isikhathi sokuba alulame ngokomzimba nangokomoya.

Kukhona lowo muzwa wemvelo kunoma yimuphi umuntu ongumama ukuba anike ingane yakhe lonke uthando nokunakekela kulowo mntwana omusha. Lokhu akusho ukuthi mhlawumbe usehlubuke ubaba noma ezinye izingane. Ongumama omusha udinga lonke usizo nokwesekwa.

3.3.1 Ngabe uyavuma noma uyaphika ukuthi lo mndeni ungowabantu abathandanayo. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amahlanu. (5)

3.3.2 Kungani umusho othi 'Ubuzali yinto yabazali bobabili' ubhalwe ngamagama agqamile? (bold) (2)

3.3.3 Bhala umusho olandelayo ngenkulumo qho (direct speech).
Umama uthe udinga ubaba ukuba amnike isikhathi esanele sokuba alulame.

Qala kanje:

Umama: … (4)

**[11]**

3.4 Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Fundisa abancane amakhono okuphatha imali**

Kungaba yinto enhle ukufundisa izingane ngokuphathwa kwemali zisakhula ukuze zisizakale lapho sezikhulile. Into yokuqala okufanele uyifundise ingane yakho wukonga nokuyikhulisa imali yayo. Yithengele isikoqokoqo ezoyifaka kusona. Ingayifaka mhlawumbe ngamasonto noma ngenyanga – leyo eyiphiwe mhlawumbe izihlobo noma ogogo nomkhulu.

Ukukhuthaza ingane yakho ukuba yongele mhlawumbe ukuthenga ithoyizi, noma iTV game kuzoyenza ikwazi ukuba nomqondo wokuzibekela izinhloso efuna ukuphumelela kuzo empilweni.

**IMIBUZO:**

3.4.1 Shono ukuthi le misho elandelayo iyisitatimende, umbuzo noma imiyalezo. Bhala impendulo kuphela eduze kwenombolo efanele.

(a) Uma ufundisa ingane yakho ukonga imali ithengele isikoqokoqo ezoyifaka kusona. (2)
(b) Ingabe kusiza ngani ukonga imali na? (2)
(c) Ogogo bapha izingane imali. (2)

3.4.2 Phinda ubhale imisho elandelayo ulungise ukulandelana kwemisindo

(a) Umuntu ophumelelayo empiloeni okwazi ukubeka imali (2)
(b) Imali ungayonga ngamasonto noma ngainyanga. (2)

3.4.3 Khipha inhloko kanye nomenziwa kulo musho:
Izingane zonga imali nyanga zonke. (2)

3.4.4 Sebenzisa isabizwana soqobo sihambisane nebizo laso elidwetshelwe emshweni. Isibonelo: Abantu bayasebenza. = Bona bayasebenza.

(a) Izingane zithenga amathoyizi ngemali eziyongile. (2)
(b) Isikoqokoqo sisetshenziselwa ukufaka imali. (2)

3.4.5 Bhala igama eliphikisa elidwetshelwe kulo musho olandelayo, uphinde uzakhele owakho umusho ngalo:
<u>Ogogo</u> bapha izingane imali. (3)

3.4.6 Lungisa lo musho olandelayo
ngabe abazali bazifundisile lezi zingane ukonga imali (3)

3.5 Le misho elandelayo inamagama angadingekile (redundancy) wasuse.

3.5.1 Umama wami ungifundise ukonga ebhange. (2)
3.5.2 Izingane ziyathanda ukuhleka zimamatheke uma seziyokhipha imali. (2)
3.5.3 Namhlanje abantu bonke bayahamba baye ebhange. (2)
3.5.4 Ukukhuthaza nokugqugquzela ingane ukuba yonge kubalulekile. (2)
**[60]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 60**

**ISIQEPHU D: (Literature)**

***(This SECTION will be provided by the Provincial Education Department.)***

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 20**
**AMAMAKI ESEWONKE: 120**

Akuvunyelwe ukukopisha leli phepha